

OLD MUTUAL SUPERFUND

MEMBER NEWSFLASH

Izindaba Zamalungu Ze-Old Mutual SuperFund sezifikile!

Umbiko wekhasi elilodwa wanyanga zonke okubonisa izindlela ezilula neziyisisekelo zokwenza izinqumo ezinhle zezimali, futhi ukugcine unolwazi lwamuva lwemboni

“LONDOLOZA IMALI ENINGI, ISIKHATHI ESIDE NGANGOKUNOKWENZEKA!”

Yebo, kungenzeka usukuzwe kaningi lokhu. Lokhu kungenxa yokuthi lesi sitatimende siyiqiniso elimhlophe elingenakuphikwa.

Ake siqale ngezimiso Eziyisisekelo zokulondoloza ofuna uku-zikhumbula ngaso sonke isikhathi:

- Okokuqala, qala ukulondoloza ngokushesha...**
Lokhu kwenza ukuthi amandla enzalo enqwabelanayo akusebenzele.
- Nikela isamba esiphelele esikhwameni somhlalaphansi senkampani yakho (futhi uma ushintsha umsebenzi, UNGALOKOTHI uyithathe njengokheshi le mali)**
Londoloza imali eningi, isikhathi eside ngangokunokwenzeka ngale mali ngaphambi kokuthi kudonswe intela.
- Sebenzisa imali engaphansi koyiholayo futhi uzikhokhele kuqala**
Yize kubonakala kunzima – uWarren Buffet uthi “Ungalondolozisi okusele ngemva kokusebenzisa imali, kodwa sebenzisa okusele ngemva kokulondoloza”.
- Okokugcina, nguweni oyigugu kakhulu kuwe ngokwakho**
Lwela ukukhula komuntu siqu futhi ufunde, wazi ukuthi ikusasa lakho lezezimali lisezandleni zakho.

Ukuze ubone isibonelo sezinzuzo zokuqala ukulondoloza ngokushesha, bheka isijobelelo ngezansi.

LUNGISA IMINININGWANE YAKHO YOKUXHUMANA

Sicela utshele umnyango wakho Wezindaba Zabasebenzi noma iSikhungo Sezingcingo sakwa-Old Mutual (0860 20 30 40) uma imininingwane yokuxhumana nawe (i-imeyili, ikheli leposi nenombolo kamakhalekhukhwini) ishintshile.

INGABE BEWAZI

I-Old Mutual SuperFund yaba umnqobi esigabeni Sokuphathwa Kwezikhwama se-Institute of Retirement Funds (IRF) Africa, eMiklomeleweni Ka-2015 Yemboni Yemikhuba Ephambili.

OLD MUTUAL SUPERFUND ISIJOBELELO




IYINI INZUZO YOKUQALA UKULONDOLOZA NGOKUSHESHA?

- Uma UQALA ngokushesha ukulondoloza, iyancipha imali okufanele uyilondoloze nyanga zonke!
- Uma uzindela ukuqala ukulondoloza ngeminyaka eyi-10 nengu-15, kuyodingeka ukuthi ulondoloze ngokuphindwe izikhathi ezingaphezu kwezingu-3.7 nezingu-8!
- Ngokulondoloza kakhulu, ungafinyelela umgomo wakho wokulondoloza ngokushesha.

Amaqiniso angenhla aqinisekiswa amandla enzalo enqwabelanayo. Ukuze usizakale ngamandla enzalo enqwabelanayo, londoloza imali eningi ngokushesha, usheshe uqale, futhi ukwenze isikhathi eside nganokunokwenzeka.

IZIBONELO ZENZALO ENQWABELANAYO:



INGABE UKULUNGELE UKUQALA UKULONDOLOZA?

DO GREAT THINGS



OLDMUTUAL